# Isifundo 12

**June 15–21*

# Yini Abayibone Endlini Yakho Na?

## ISABATHA EMINI

### Funda Kuleliviki:

Isaya 38; 39; 1 Kor. 7:12–15; 1 Pet. 3:1, 2; Heb. 6:12; 13:7; 3 Johane 11; Isa. 58:6, 7, 10, 12.

### Indimana Yekhanda:

“Kepha nina niluhlanga olukhethiweyo, ubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo, ukuze nishumayele ubukhosi balowo owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo” (1 Petro 2:9, NKJV).

Mhlawumbe manje sesifinyelele esigabeni lapho, sibonga iNkosi, izimpilo zethu (okwamanje) zihamba kahle: kuhle emndenini, kuhle emsebenzini, impilo nezimali kuhle, nako. Noma mhlawumbe akunjalo na? Mhlawumbe ikhaya lakho, okwamanje, lisebuhlungwini, kwinxushunxushu na? Noma kunjani, uma othile ezokuvakashela ekhaya, njengezithunywa zaseBhabheli ezavakashela Inkosi uHezekiya, iyiphi Impendulo ebinganikezwa embuzweni umprofethi uIsaya awubuza kamuva inkosi: “ ‘Yini Abayibone Endlini Yakho Na?’ ” (Isa. 39:4, NKJV). Baboneni abantu endlini yakho na? Izingelosi zezulu ziboneni na? Moya muni ogcwele emakhaya ethu na? Othile “anganuka” iphunga lomkhuleko na? Ngabe kukhona ubumnene, ukuphana, uthando, noma ukungezwani, ulaka, inzondo, ukufutheka, nokungavumelani na? Olapho angahamba ecabanga ngokuthi uJesu ukulelikhaya na? Yimibuzo esemqoka lena yokuba sonke sizibuze yona mayelana nohlobo lwekhaya esilidalile. Kuleliviki sizobuka ezinye zezinto ezingenza impilo emangalisayo ekhaya, ngaphandle kokungezwani okungegwemeke kanye nemishikashika amakhaya abhekana nayo namuhla.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 22.*

# Ukufunda Ephutheni LeNkosi

**Funda ngendaba yokuphulukiswa kukaHezekiya kanye nokuvakasha kwezithunywa zaseBhabheli. 2 Kron. 32:25, 31; Isaya 38; 39.**

Izibhalo ziveza ukuthi izithunywa zazithatheke ngokuphulukiswa okumangalisayo kukaHezekiya Inkosi. Nakuba Kunjalo, uHezekiya ubonakala ethule ngalamava okuphulukiswa. Akazange agcizelele izinto ezazizovula izinhliziyo zalezizithunywa ezibuzayo olwazini lukaNkulunkulu weqiniso. Ukuqhathanisa phakathi kokubonga kwakhe ngenxa yokuphulukiswa kwisahluko 38 kanye nokuthula kwakhe ngakho kwisahluko 39 kugqamile. "Unkulunkulu wasuka kuye ukumvivinya." Lokhu kuvakasha kwesizwe kwakubaluleke kakhulu; kepha, akukho mbiko ngoHezekiya efuna ukuholwa okukhethekile ngako emkhulekweni kubaprofethi noma kubapristi. NoNkulunkulu akazange angenelele. Eyedwa, engabonwa muntu, engazange axhumane nabeluleki bezikamoya, kubukeka engathi uHezekiya wavumela umsebenzi kaNkulunkulu empilweni yakhe kanye nasempilweni yesizwe sakhe usuke emqondweni wakhe. Kusenokuba inhloso yomlandi ku-2 Izikronike 32:31 kwakungeyokubonisa indlela okulula ngayo ukuba isibusiso sikaNkulunkulu sithathwe kalula nokuthi abamukeliswe umusa Wakhe bancike ekuzithembeni bona.

**Ngezansi ngezinye zezifundo ngokwethembeka ekhaya esingazithola kumava kaHezekiya. Yiziphi ezinye ongazicabanga na?**

Konke ukuvakashela amakhaya amaKristu yithuba lokuthi abantu bahlangane nabalandeli bakaKristu. Zimbalwa izivakashi ezingase ziqale inkulumo ngezinto zikamoya. AmaKristu kumele athole izindlela ezinobuchule nezifanele zokwabelana ngezindaba Ezilungileyo. AmaKristu awabizelwe ukukhangisa ngempumelelo yawo, nakuba bengakubona Lokhu njengezibusiso eziphuma kuNkulunkulu. Abizelwe "ukumemezela udumo lwalowo owabize ebumnyameni ebabizela ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo" (1 Pet. 2:9, NIV) noma, ukusebenzisa amava kaHezkiya njengesibonelo, ukumemezela ukuthi bebefa, kodwa uKristu ubaphulukisile; bebefele esonweni, futhi uKristu wabavusa wabahlalisa ezindaweni zasezulwini (Efe. 2:4–6).

**Yiziphi izindlela okwazi ukusebenzisa ngazo ikhaya lakho ukufakaza kwabanye na? Ubungabelana kanjani ngokholo lwakho kuKristu ngesibindi nezivakashi ekhaya lakho na?**

# Umndeni Kuqala

Okuyibona abokuqala ukwamukela ukwabelana kwethu ngevangeli ngabantu emakhaya ethu. Ayikho insimu ebaluleke ukwedlula lena.

**Ziphetho zini ezingatomulwa ku Johane 1:40-42 mayelana nokwabelana ngokholo ekhaya na? buka noDut. 6:6, 7; Ruth 1:14–18.**

---

---

Umbiko onogqozi. U-Andrew wedlulela ekubikeni nje; wahlela ukuthi umfowabo, uSimoni, ahlangane noJesu. Umbiko onogqozi ngoJesu kanye nokwethula Kuye njengomuntu—uhlelo olulula lokwabelana ngevangeli nezihlobo emakhaya ethu! Ngemuva kokwethula u-Andrew wahlehla. Kusukela lapho, uJesu noPetro baba nobudlelwane babo.

Ukusiza izingane ziye ekukholweni. Izingane ekhaya zingavama ukuzitshwa njengabantu abafanele ukwamukela ivangeli. Abazali ngephutha bacabanga ukuthi izingane zizomane zimumatha ezikamoya ekhaya. Lokhu akumele kuthathwe lula. Nakuba izingane netsha befunda ngezibonelo abazibukayo, kuyiqiniso futhi ukuthi lamalungu amancane omndeni weNkosi adinga ukunakwa ngamunye kanye nethuba lokwethulwa ngamunye Kuye. UDuteronomi 6 uyagcizelela kulokhu: Ukunaka kumele kunikezwe imfundo okuyiyona esebenza kakhulu. Imikhuba evamile yezikamoya yokukhonza emndenini kumele ikhuthazwe ekhaya. Isikhathi nemizamo eqinile kumele yenzelwe izingane nentsha.

**Yini esingayifunda kwimizamo yezovangelo kaNayomi na? Ruth 1:8–22.**

---

U-Ruth wambona uNayomi ezikhathini eziphansi kakhulu: ngenkathi ezama ukuxosha umalokazana wakhe nangesikhathi ethukuthele futhi ecindezelekile, wathethisa uNkulunkulu lapho ebala inswelo yakhe (Ruth 1:15, 20, 21). Abukho obunye ubufakazi obunobuciko obedlula u-Ruth obunganikezwa ukuveza ukuthi intsha ingahlangana futhi izinikele kuNkulunkulu opheleleyo, nakuba yethulwe Kuye ngumzali ongaphelele.

**Umqondo wekhaya njengensimu ebaluleke kunazozonke uyithinta kanjani indlela yakho yokubuka abantu ohlala nabo na? Sebenzisanani njengomndeni Ukwenza uhla lwemizamo eningayenza njengomndeni ukuholela izihlobo ezingasindisiwe kuKristu.**

# Ukuthula Okuphumelelayo

**Seluleko sini esinikezwa yiTestamente Elisha kwimishado eyehlukene ngenkolo na? 1 Kor. 7:12–15; 1 Pet. 3:1, 2.**

Isibusiso sokuba ngumlingani ongumKristu. Ku-1 Korinte uPawule uphendula imibuzo yabaphendukile ngokuhlala emshadweni nomlingani ongakholwa kungaba yichilo kuNkulunkulu noma kungcolise bona nezingane zabo. Akunjalo, kusho uPawule. Isimo esingcwele somshado kanye nokusondelana kwawo kumele kuqhubeke nangemuva kokuphenduka komlingani. Ubukhona bomlingani oyedwa ongumKristu "kungcwalisa" omunye umlingani kanye nezingane zenu. Igama "ukungcwalisa" kumele liqondwe ngokomqondo wokuthi abalingani abangakholwa bahlangana nezibusiso zomusa ngokuhlala nabalingani babo abangamaKristu. Kudabula inhliziyo Kunjalo, umlingani ongakholwa anganquma ukushiya emshadweni. Nakuba imiphumela ingaba mibi, izwi elinomusa likaNkulunkulu—ohlezi njalo ephakamisa inkululeko yokukhetha—lithi "makenzenjalo." Ikholwa "aliboshiwe kulesisimo" (1 Kor. 7:15, NIV). Sibizelwe ukuhlala ngokuthula. Okuthandwa yiZwi likaNkulunkulu ngokusobala ngukuthi nakuba kukhona izinselele ekhaya elehlukene ngenkolo, indlela itholakale yokuthi ukuthula kukaKristu kubuse kulo. Ithemba ngelokugcina umshado umunye, ukunikeza ubufakazi bokunqoba kwevangeli phakathi kobunzima, kanye nokuthuthukisa ukuthokomala komlingani ikholwa elinyamanye naye, nakuba engakholwa.

**Kungaba yimiphi imingcele yomthwalo womlingani ngalokuwo ongakholwayo na?**

Uthando olumnene, ukwethembeka, ukukhonza ngokuthobeka, kanye nobufakazi obunempumelelo ngakwikholwa kudala ithuba elikhulu lokuzuza umlingani ongeyena umKristu. Ukuzinikela emshadweni wobuKristu kuqubuka ekwesabeni uKristu (qhathanisa noEfe. 5:21). Ngenkathi umlingani ehlanganisa ngokuzinkela kobuKristu kumlingani ongakholwa, ukuzinikela kokuqala kukuKristu njalo. Ukwethembeka ekubangeni kukaNkulunkulu empilweni yothile akufuni ukuba umlingani ahlukunyezwe ngumlingani olwayo.

**Ngabe othile ebandleni okulo unenkinga ngomlingani ongakholwa na? Uma Kunjalo, yiziphi izindlela eziphathekayo ongamsiza ngazo na?**

# Impilo Yomndeni Ngeyokwabelana

**Ezindimaneni ezilandelayo, Thola ukusetshenziswa yiTestamente Elisha kwamagama "ukulandela" (KJV) noma "ukulingisa" (NIV). Asitshelani ngohlelo lokuba kanye nelokukhula njengomKristu na? Ucabanga ukuthi ancomani ngobudlelwane phakathi kokuba yisibonelo kanye nokufakaza na? 1 Kor. 4:16, Efe. 5:1, 1 Thes. 1:6, Heb. 6:12, 13:7, 3 Johane 11.**

Ukugcizelela kweTestamente Elisha ukulingisa kuvuma indima ebalulekile yesibonelo ohlelweni lokufunda. Abantu banomkhuba wokufana nalowo abambukelayo noma lokho abakubukelayo. Lesisimiso sisebenza nakubudlelwane bonke futhi ikakhulu ekhaya, lapho ukulingisa kuvamile. Lapho izingane zilingisa abazali bazo kanye nezingane zakwabo; abashadile bavama ukulingiselana. Lomqondo unikeza ukhasha olubalulekile ngendlela ababili kanye nemindeni engaba ngubufakazi ngayo kwabanye. Amandla ethonya lomphakathi. Sifakaza emakhaya ngenkathi sinikeza amathuba kwabanye okusibuka kanye nokwabelana ngamava ethu asekhaya ngendlela ethile. Abanye abanaso Isibonelo esihle somshado noma ubudlelwane basemndeni sokuba basilandele. Emakhaya ethu bangabona indlela umoya kaJesu owenza ngayo umehluko. "Ithonya lomphakathi," kuloba u-Ellen White, "lingamandla amangalisayo. Singalisebenzisa uma sifuna njengendlela yokusiza labo abasikakile."—*The Ministry of Healing,* p. 354. Njengabashadile memani abanye abashadile esidlweni, ekuhlanganyeleni, noma ekufundeni iBhayibheli, noma ngenkathi niya ohlelweni lokukhulisa imishado ndawonye, izivakashi zibona Isibonelo. Ukukhangisa kokuzwana, kokuqinisana, kokuxhumana, kokuxazulula izingxabano, kanye nokwamukela ukungafani kufakazela impilo yomndeni kuKristu.

**Kulengqikithi, nokho, yini okumele siyiqaphele na? Jer. 17:9, Johane 2:25, Rom. 3:23.**

Landela amakholwa alandela uKristu. Zonke izibonelo zesintu zinamaphutha; nakuba Kunjalo, ubufakazi bekhaya lobuKristu akukona ukuba yisibonelo sokuphelela. Umqondo weTestamente Elisha wokulingisa uwubizo kumuntu ngamunye ukuba alandele amakholwa alandela uKristu. Lomqondo ngowokuthi umuntu ngamunye agxavume ukholo lobuKristu njengalokhu elubona lulingiswa ezimpilweni zabanye abangabantu futhi benamaphutha njengabo.

**Yini ongayenza Ukwenza ikhaya lakho Isibonelo esingcono sobufakazi bobuKristu na?**

# Izizinda Zobungani Obuthelelanayo

**Qhathanisa ukubhekisa kwezibhalo kwimfudumalo nezigameko ezenzeke ngempela emakhaya emindeni yaseBhayibhelini ebalulwe ngezansi. Isa. 58:6, 7, 10–12; Rom. 12:13; 1 Pet. 4:9. Qaphela izimpawu zokwamukela izivakashi ezibonakala lapha.**

**UAbraham no Sarah (Gen. 18:1–8)**

---

**URebekah nomndeni wakhe (Gen. 24:15–20; 31–33)**

---

**UZakewu (Luka 19:1–9)**

---

Imfudumalo ihlangabezana nezidingo zomuntu zokuphumula, ukudla, kanye nokuhlanganyela. Kungaveza ngendlela ephathekayo uthando oluzidelayo. UJesu wayamanisa imfundiso ebalulekile kwimfudumalo ngenkathi efundisa ukuthi ukondla abalambileyo kanye nokunigeza okuphuzwayo kwabomileyo kwakuyizenzo zenkonzo eyenziwa Kuyena (Mat. 25:34-40). Ukusebenzisa ikhaya lothile ngokukhonza kunganaba kusukela nje ekumemeni omakhelwane esidlweni kufike kokukhulu njengokuboleka igumbi lalowo ohlukumezekile. Kungafaka ubungani nje, ithuba lokukhuleka nothile, noma lokuba nezifundo zeBhayibheli. Imfudumalo yangempela iqubuka ezinhliziyweni zalabo abathintwe wuthando lukaNkulunkulu futhi befuna ukuluveza loluthando ngamazwi nangezenzo.

Ngezinye izikhathi imindeni ikhononda ngokuthi abanayo indawo, isikhathi, kanye/noma umfutho wokunikeza imfudumalo. Abanye bazizwa bengenzi kahle, bengenamakhono, futhi bengaqinisekile ngokufinyelela ngale kwalokho abakujwayele ukuze bahlanganyele nabangakholwa. Abanye bafisa ukugwema impixano ezimpilweni zabo engase ivuke ngokuzihlanganisa nabanye. Imindeni eminigi yesimanje ididanisa imfudumalo kanye nokujabulisa.

**Yiziphi izindlela ikhaya lakho eliveza ngazo isimo sakho kwezikamoya na?**

---

## Umcabango Obanzi:

Ellen G. White, "A Powerful Christian Witness," pp. 35–39; "Attitude Toward an Unbelieving Companion," pp. 348–352, in *The Adventist Home*; "Ministry of the Home," pp. 349–355, in *The Ministry of Healing;* "The Ambassadors From Babylon," pp. 340–348, in Prophets and Kings. Amandla ovangelo lwasekhaya. "Ngaphezu kwamandla anoma iyiphi intshumayelo engashumayelwa yithonya lekhaya leqiniso ezinhliziyweni nasezimpilweni zabantu. . . . "Isizinda sethu sethonya singaba sincane, ikhono lethu libencane, amathuba ethu abembalwa, esikudingayo kungabikhona; kepha amathuba amangalisayo ngawethu ngokusebenzisa ngokuthembeka amathuba amakhaya ethu." —Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, pp. 352, 355.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

**1. Buza noma ngubani eklasini ukuba kwakuyithonya lekhaya lothile elamsiza ukuba enze isinqumo ngoKristu. Xoxisanani ngalokho okwathathekisa. Yini eningayifunda njengaklasi kulawomava na?**

**2. Ngezindlela eziphathekayo njengeklasi ningawusebenzela kanjani umndeni onomlingani ongakholwa na?**

**3. Njengeklasi, khulumani ngezinye zezingcindezi ekhaya ezimelana nenkolo. Bhalani uhla lwezinye zazo; bese eceleni kwazi nibhale okungase kube yizisombululo.**

**4. Impilo esesithe yamakristu iyindlela yokufakaza kubantwana, kubalingani abangakholwa, kwezinye izihlobo, kanye nakwizivakashi. Nakuba ukwabelana ngenkolo ekhaya kungephelele njalo njengalokhu singathanda noma kugcine ngezingxoxo nezihlobo kanye nezivakashi, amalungu omndeni angaphelele afuna ukukhomba indlela eya kuMsindisi opheleleyo. Ngemfudumalo enkulu enikezwa ngegama loMsindisi, baletha phakathi komusa bonke ababathintayo. Cabanga ngethonya lekhaya lakho kulabo abavakashayo. Yini ongayenza ukulenza libe ngufakazi ongcono wenkolo kubo bonke abangena emnyango wakho na?**